**Umhlangano wokucobelelana ngolwazi waseNyuvesi yaseNingizimu Afrika uqeqesha abafundi abalinganiselwa kwizi-2 000 ngamakhono omsebenzi womhlabajikelele.**

**OKUHEHAYO: Abafundi abangaphezu kwe-1900 bathamele umhlangano wokucobelelana ngolwazi mayelana nokulungela ukusebenza, osingathwe uPhiko Lwezokweluleka kanye Nokuthuthukiswa Kwamakhono Kwisifunda saseGauteng eNyuvesi yaseNingizimu Afrika, okugqamisa ukukhula ngamandla kwesidingo sokwelulekwa ngomsebenzi okusebenzayo kanye nokwesekwa mayelana nokuthola imisebenzi kwabafundi okubalungiselela ukungena ezindaweni zokusebenza.**

Umhlangano wokucobelelana ngolwazi ububanjwe ngobuchwepheshe ku-Microsoft Teams mhla zingama-21 kuMbasa wezi-2026 kanti futhi ubusingathwe yiSikhungo Sesifunda sase-Vaal, uhlanganise ndawonye abafundi abavela kuso sonke isifunda ukuze bahlanganyele ohlelweni olugxile ekulungiseleleni ukusebenza, ukuthuthukiswa kobuchwepheshe, nasekuqinisekeni impumelelo kwezomsebenzi. Yakhelwe ukuthuthukisa amakhono abalulekile okuqasheka emsebenzini, kuhlanganisa nokwakha igama lomuntu, ukuxhumana, okulindelekile emsebenzini, ukubhala i-CV, ukulungiselela izinhlolokhono, kanye nokuqwashisa ngenkohlakalo ehlobene nemisebenzi.

UChwepheshe Obhekelele Izindaba Zabasebenzi Nezimboni uNosipho Jonas, ukhuthaze abafundi ukuba bazihlomise bona ngolwazi, bathembeke, baqine njengabaholi abanohlonze ekuzithuthukiseni bona siqu kanye nomsebenzi wabo. Ugqamise ukuthi ukuzivumelanisa nezimo kanye nokwakha izindlela zokuxhumana ezinezinjongo, kubalulekile ukuze uphumelele endaweni yomsebenzi oguquguquka ngokushesha esikhathini sanamuhla.

Izithunywa ezivela eMnyangweni Wezabasebenzi kanye Nezemisebenzi, uLambani Thakhani noThulisile Mthembu, zigxile ekubalulekeni kokuphepha nasekuziphatheni kahle lapho befuna umsebenzi. Baxwayise abafundi ngezingozi zokunikezwa kwemisebenzi engekho emthethweni, bachaza izibonakaliso ezivamile zemisebenzi engesilo iqiniso futhi babagqugquzela ukuba basebenzise izinkundla ezithembekile futhi eziqinisekisiwe uma befuna umsebenzi.

Ukuqhubeka nengxoxo mayelana nokuqasheka kwentsha, uKeabetswe Marumo ovela eHarambee Youth Employment Accelerator ukhuthaze abafundi ukuthi bachaze kahle futhi ngokuzethemba amakhono abo kanye nezinto abakwazi ukuzenza, akukhathalekile ukuthi bavela kuphi nokuthi izinga labo lesipiliyoni lingakanani. Ubuye wakhuthaza ababambiqhaza ukuthi bahlale belungele amathuba okufunda futhi baqhubeke ngokuzimisela ekuthuthukiseni amakhono abo.

Umhlangano waphothulwa ngesethulo esenziwa uMaserame Dipale ovela eMnyangweni Wezokweluleka Nokwazisa Ngokomsebenzi. Weluleka abafundi ngokuthi bangawenza kanjani ama-CVs aphumelelayo kwizinhlolokhono, ukubasiza ukuze bathuthukise ukuzethemba kwabo nokukwazi ukwenza izethulo ngokusemthethweni.

Nakuba zibakhona izinselelo ezingatheni zobuchwepheshe ezenzeke phakathi nohlelo, abagqugquzeli balungisa kahle uhlelo ukuze kuqinisekiswe ukuthi umhlangano wokucobelelana ngolwazi uqhubeka kahle ngaphandle kokuphazamiseka. Umhlangano waqhubeka ngokuxoxisana ngempumelelo, kanti futhi abafundi babedlala indima yabo ngokuzimisela ezingxongxweni.

Impumelelo yomhlangano wokucobelelana ngolwazi iphoqelele ukuzibophezela kwesiFunda saseGauteng ekuxhaseni impumelelo yabafundi ngaphezu kwegumbi lokufundela ngokudala amathuba ahlomisa abafundi ukuze bakwazi ukubamba iqhaza ngokuzimisela emhlabeni wokusebenza. Abagqugquzeleli bazobuyekeza izimpendulo zabafundi baphinde bahlole nezimpendulo ukuze bathuthukise imikhankaso yokuthuthukiswa kwemisebenzi esikhathini esizayo futhi bathuthukise izinhlelo ezizayo zokuzilungiselela ukusebenza.

*Ithunyelwe nguLungisani Nzuzo Mbatha, Umsebenzi Osaqeqeshwa, uPhiko Lwezokuxhumana Nokukhangisa, Isifunda saseGauteng.